



What's happening with literacy?

Each year on 8 September the world celebrates **International Literacy Day**. On this day, we think about the role that reading and writing plays in our lives and we recommit ourselves to working towards making illiteracy a thing of the past, in South Africa and across the world.

So, where are we in 2017 with this "literacy" thing in South Africa? Unfortunately, the news is NOT good – for neither adults nor children! According to the study, *Learning to Read and Reading to Learn*, published in 2016, 58% of our Grade 4 children do not understand what they are reading and 29% are completely illiterate.

The South African Book Development Council's national reading survey in 2016 doesn't offer any better news. It showed that adult South Africans read for only 6,2% of their leisure time. Of the 4 000 South Africans over the age of 16 who took part in this study, only 3% had been read to at home when they were children. Not all the participants in the study had children themselves, but of those who did only:

- 13% encourage their children to read
- 6% read to their children
- 5% tell stories to their children.

The problem with illiteracy is not only that people do not get to experience the joy of reading and writing. The problem is that illiteracy prevents people from achieving their full potential. And if individuals are not achieving their full potential, then neither is our country. In fact, illiteracy comes with a large price tag. In 2010, it was estimated that illiteracy costs South Africa R450 billion each year!

It is easy to become overwhelmed with the bad news, but we don't have to. It just means that we have to continue to work hard and constantly at changing the South African literacy landscape. One of the ways we can all do this is to make sure that we inspire the children we have contact with to want to read and write – and then to help them discover and unlock the joy and power in reading and writing.

We can do this by supporting the work of literacy organisations across the country who together reach tens of thousands of children. But we can also do it in small ways with the children in our lives by:

- reading aloud to them for at least 15 minutes a day
- making sure that they have as many books to read as we can find
- providing opportunities for them to learn *why* we write, as well as *how* to write, by for example, making shopping lists, leaving notes or reminders for friends and family members, filling in forms and creating their own stories
- reading and writing ourselves so that we are literacy role models for our children.

Each of us has the power to help children use reading and writing in powerful ways throughout their lives! How will you take up this challenge?

What's inside?

- ★ Ideas for celebrating International Literacy Day
- ★ A poster
- ★ Two stories about the importance and value of reading
- ★ How to make your own book

Yini okuphakathi?

- ★ Amasu okuguba uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala
- ★ Iphosta
- ★ Izindaba ezimbili mayelana nokubaluleka kanye nenzuzo yokufunda
- ★ Indlela yokwenza incwadi yakho

Kwenzekani ngokufunda nokubhala?

Njalo ngonyaka mhla ziyi-8 kuMandulo umhlaba ugubha **uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala**. Ngalolu suku, sicabanga ngeqhaza elibanjwa ukufunda nokubhala empilweni yethu bese sizibophezela futhi ekusebenzeleni ukwenza ukungafundi kube yinto ewumlando nje, eNingizimu Afrika kanye nasemhlabeni wonke.

Pho, sikuphi ngowezi-2017 ngale nto "yokufunda nokubhala" eNingizimu Afrika? Ngeshwa, izindaba azizihle NEZE – kwabadala noma ezinganeni! Ngokocwaningo oluthi, *Learning to Read and Reading to Learn*, olushicilelwe ngowezi-2016, ezingama-58% izingane zeBanga lesi-4 azikuqondisi ezikufundayo kanti ezingama- 29% azikwazi nhlobo ukufunda.

Inhlobo yokufunda kuzwelonke yabakwa-South African Book Development Council yangowe-2016 ayethuli izindaba ezingcono. Ikhombise ukuthi abantu abadala baseNingizimu Afrika bafunda ngokulinganiselwa ku-6, 2% kuphela esikhathini sabo sokuzipholela. Kubantu baseNingizimu Afrika abayizi-4 000 abaneminyaka engaphezu kwe-16 ababambe iqhaza kululu cwaningo, ngabanga-3% kuphela ababefundelwa emakhaya ngenkathi beseyizingane. Akubona bonke abababambe iqhaza kululu cwaningo ababenezingane ngokwabo, kodwa kulabo ababenazo:

- 13% kuphela ababegquguzela izingane zabo ukuthi zifunde
- 6% kuphela ababefundela izingane zabo
- 5% kuphela ababexoxela izingane zabo izindaba.

Inkinga ngokungakwazi ukufunda nokubhala akukhona nje kuphela ukuthi abantu abakwazi ukuzwa nokubona umuzwa wentokozo ngokufunda nokubhala. Inkinga wukuthi ukungakwazi ukufunda nokubhala kuvimba abantu ukuthi bafinyelele emandleni agcwele alokhu abakwazi ukukwenza. Futhi-ke uma abantu bengakwazi ukufinyelela ngokugcwele emandleni abakwazi ukukwenza, ngisho nezwe lethu alikwazi ukukwenza lokho. Eqinisweni, ukungakwazi ukufunda nokubhala kubiza inani eliphezulu. Ngonyaka wezi-2010, kwakulinganiselwa ukuthi ukungakwazi ukufunda nokubhala kudla iNingizimu Afrika ama-450 ezigidigidi zamarandi njalo ngonyaka!

Kulula ukuphenduka uphela amandla ngezindaba ezimbi, kodwa akudingekile ukuthi sibe njalo. Kusho ukuthi nje kufanele siqhubeke sisebenze kanzima nangokungaphazanyiswa ukuze siguqule isimo sokufunda nokubhala eNingizimu Afrika. Eyodwa yezindlela sonke esingakwenza ngayo lokhu ukwenza isiqiniseko sokuthi sifakela ugqozi izingane esixhumana nazo ukuthi zifunde nokufunda nokubhala – futhi bese sizisiza zikwazi ukuvumbulula nokuvula injabulo namandla asekwifundeni nasekubhaleni.

Singakwenza lokhu ngokusekela umsebenzi wezinhlango eziphathelene nokufunda nokubhala ezweni lonke ezisebenza ndawonye ukufinyelela ezinganeni ezingamashumi ezinkulungwane. Kodwa singaphinde futhi senze ngezindlela ezincane nje ngezingane ezisempilweni yethu ngokuthi:

- 13% kuphela ababegquguzela izingane zabo ukuthi zifunde
- 6% kuphela ababefundela izingane zabo
- 5% kuphela ababexoxela izingane zabo izindaba.
- sizifundele kuzwakale okungena imizuzu eyi-15 ngosuku
- senze isiqiniseko sokuthi zinezincwadi eziningi ezingazifunda ngangokwamandla esinawo okuzithola
- sinikezele ngamathuba okuthi zifunde ukuthi *kungani* sibhala, kanjalo nokuthi sibhala *kanjani*, ngokuthi, ukwenza isibonelo, senze izinhluzo ezizothengwa, sishiye imibhalo noma izikhumbuzo kubangani kanye nokumalungu omndeni, ukugcwalisa amafomu nokusungula ezabo izindaba
- sizifundele futhi sizibhalele ukuze sibe yizibonelo zokufunda nokubhala ezinganeni zethu.

Omunye nomunye wethu unamandla okusiza izingane zisebenzise ukufunda nokubhala ngezindlela ezinamandla empilweni yazo zonke! Uzoyithatha kanjani le nselelo?



Drive your imagination

Join us in taking the power of stories to the next level. Let's go!
Hlanganyela nathi ukuthatha amandla ezindaba siwabeke ezingeni elilandelayo. Masihambenil!



8 ideas for celebrating International Literacy Day



Here are eight ways for you and your children to celebrate International Literacy Day – on 8 September and afterwards!

1. Read the cut-out-and-keep book, *Graça's dream*, to your children. This is the inspiring story of Graça Machel and her dream to instil a love of reading in children. Afterwards, invite your children to think of someone they know who is passionate about reading and/or writing and who tries to inspire others to read and write. Suggest that they write their own stories about these people to share with others.
2. Jamela and Papa Lucky from *Hanna's friends* (page 14) are characters from picture books by South African children's author, Niki Daly. Which story characters are your children's favourites? Encourage them to draw pictures of one or more of their favourite story characters and then to make up a new story featuring these characters.
3. Let the children use the blank book on page 4 and follow the instructions on page 3 to create their own books, which they can share with others.
4. Start a bookmaking group. Find a space to host this group and then get together regularly to make books. Invite anyone who is interested! There are plenty of jobs for children and adults – cutting, stapling, drawing and writing. Include adults or children who are unable to read or write by asking them to tell stories that can be made into books by others.
5. Set up a story corner at your library or clinic, in each classroom at your school and even in your home! Use this special place to read and tell stories throughout September. Take this one step further by decorating passages with posters about stories and reading, and by painting doors with characters from books or with the Nal'ibali characters.
6. During September, set aside a special time each day in which everyone stops doing whatever they are busy with and reads for enjoyment for 15 minutes. Stick to the same time each day and encourage everyone to continue doing this even when you are not together as a group, like over weekends. This is a great way to help establish the habit of reading regularly.
7. Organise a family fun day that has a literacy focus and invite the whole community. Plan a variety of stations or activity centres where adults and children can play clapping or skipping games, play board games, make cards and/or posters, draw and paint, write stories, make puppets, dress up and use props to play together, tell stories and read stories.
8. Ask the children at your reading club or in your class to write a review of a book that they would recommend to others. Over the next few months, encourage all the children to read these recommended books. Then ask them to vote for their favourites so that together you can create a Top Ten book list.

Imibono eyi-8 yokugubha uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala

Nazi izindlela eziyisishiyagalombili zakho nezingane zakho zokubungaza uSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala – ngomhla ziyisi-8 kuMandulo nasemuva kwalapho!

1. Fundela izingane zakho incwadi oyisika uyikhiphe bese uyigcina ethi, *Iphupho likaGraça*. Lena yindaba egquguzelayo kaGraça Machel nephupho lakhe lokugxilisa uthando lokufunda ezinganeni. Ngemuva kwalokho, cela izingane zakho ukuthi zicabange ngothile ezimaziyo onentshisekelo ngokufunda kanye/noma ngokubhala futhi ozama ukufakela abanye ugqozi lokufunda nokubhala. Phakamisa ukuthi zibhale izindaba zazo ngalaba bantu nokuthi zabelane ngazo nezinye.
2. UJamela noPapa Lucky abaphuma encwadini *Abangani bakaHanna* (ikhasi le-15) ngabalingiswa abaphuma encwadini yezithombe yombhali wezingane waseNingizimu Afrika, uNiki Daly. Yibaphi abalingiswa bendaba abakhonzwe yizingane zakho? Zikhuthaze ukuthi zidwebe izithombe zomlingiswa oyedwa noma ngaphezulu abamkhonzile bese emva kwalokho zenze indaba entsha enalaba balingiswa.
3. Izingane mazisebenzise incwadi engabhalwe lutho ekhasini lesi-4 bese zilandela imiyalelo esekhasini lesi-3 ukuzakhela ezazo izincwadi, ezingabelana ngazo nabanye.
4. Qala iqembu lokwenza incwadi. Tholani indawo lapho nizokwenzela khona leli qembu bese nihlangana njalo ukwenza izincwadi. Mema noma ngubani othandayo! Kukhona imisebenzi eminingi yezingane nabadala – ukusika, ukuqhanela ngesitephula, ukudweba nokubhala. Bandakanya nabadala noma izingane abangakwazi ukufunda noma ukubhala ngokubacela baxoxe izindaba ezingenziwa zibe yizincwadi ngabanye.
5. Yenza ikhona lendaba emtatsheni wakho wezincwadi okukanye emtholampilo, ekilasini ngalinye esikoleni sakho ngisho nasekhaya lakho! Sebenzisa le ndawo ekhethekile ukufunda nokuxoxa izindaba ngenyanga yonke kaMandulo. Thatha elinye igxathu elengeziwe ngalokhu ngokuhlobisa iziqeshana ngamaphosta amayelana nezindaba kanye nokufunda, nangokupenda iminyango ngabalingiswa abaphuma ezincwadini noma ngabalingiswa bakaNal'ibali.
6. NgekaMandulo, beka eceleni isikhathi esikhethekile lapho wonke umuntu emisa ukwenza noma yini amatasa ngayo bese efundela ukuzithokozisa imizuzu eyi-15. Hlalani esikhathini esifanayo usuku ngalunye bese ugquguzela wonke umuntu ukuqhubeka nokwenza lokhu ngisho ngabe anisebenzi ndawonye njengeqembu, njengangezimpelasonto. Lena yindlela enhle yokusiza ukwakha umkhuba wokufunda njalo.
7. Hlela usuku lwenjabulo lomndeni olugxile ekufundeni nasekubhaleni bese umema wonke umphakathi. Hlela izifeshi ezihlukahlukene noma izizinda zokusebenzela lapho abadala nezingane bezokwazi khona ukudlala imidlalo yokushaya ihlombe noma yokweqa intambo, bezodlala imidlalo yamabhodi, ukwenza amakhadi kanye/noma amaphosta, ukudweba nokupenda, ukubhala izindaba, ukwenza opopayi, ukugqoka njengabalingiswa abathile nokusebenzisa izingubo zokugqoka emdlalweni weshashalazi, ukudlala ndawonye, ukuxoxa nokufunda izindaba.
8. Cela izingane ethimbeni lakho lokufunda ukuthi zibhale umhlaziyo wezincwadi ezingazincoma kwabanye. Ezinyangeni ezimbalwa ezizayo, khuthaza zonke izingane ukuthi zifunde lezi zincwadi ezinconyiwe. Emva kwalokho zicele ukuthi zivotele izincwadi ezizikhonzile ukuze kuthi zindawonye zizokwazi ukwenza uhlu lwezincwadi Eziphambili Ezilishumi.



Make your own book!

Be an author and an illustrator! Use the blank book on the next page and create your own book to share with others.

1. Fold the page in half along the red dotted line.
2. Paste the two halves together.
3. Fold the strip of paper along the black lines to create a zigzag book.
4. Think about what you would like your book to be about. It could be a storybook, or it could be a counting book for young children. It could also be a book about yourself – your favourite things, your friends, your family members, and anything else that makes you, you!
5. Draw pictures and write about this on pages 2 to 8 of your book.
6. Think about a good title for your book and write this on page 1. Draw a picture too. Remember to write the author's and illustrator's name – that's you!



Yenza incwadi okungeyakho!

Yiba wumbhali kanye nomdwebi wemifanekiso! Sebenzisa incwadi engabhalwe lutho ekhasini elilandelayo bese uzakhela eyakho incwadi ozokwabelana ngayo nabanye.

1. Songa iphepha libe nguhhafu ulandela umugqa obomvu onamachashazi.
2. Namathisela ohhafu ababili ndawonye.
3. Goqa isiqephu sephepha ulandele imigqa emnyama ukuze wakhe incwadi enokujikajika.
4. Cabanga ngalokho ongathanda ukuthi incwadi yakho ibe mayelana nakho. Kungaba yincwadi eyindaba, noma kube yincwadi yokubala yezingane ezincane. Kungabuye kube yincwadi emayelana nawe – izinto ozikhonzile, abangani bakho, amalungu omndeni wakho, kanye nanoma yini okunye okukwenza ukuthi wena, ube nguwenal!
5. Dweba izithombe bese ubhala ngalokho emakhasini elesi-2 kuya kwelesi-8 encwadi yakho.
6. Cabanga ngesihloko esihle sencwadi bese ubhala lokho ekhasini loku-1. Dweba nesithombe futhi. Khumbula ukubhala igama lombhali nelomdwebi wemifanekiso – nguwenal lowo!

Nal'ibali is 5 years old!

Can you believe it? In June 2017, Nal'ibali turned 5 years old. In this short space of time, this is what we have achieved together with you ... and we're just getting started.

- ★ **1 471** reading clubs launched in **7** provinces
- ★ **63 687** children reached
- ★ **77** brand-new stories created, and **314** translations of these stories done
- ★ **125** editions of the Nal'ibali Supplement published
- ★ **3 990 977** copies of the Nal'ibali Supplement delivered to reading clubs and schools
- ★ **2 940** FUNda Leaders signed up
- ★ **10 181** adults received reading-for-enjoyment training
- ★ **5 304** radio shows aired, which reached **7** million listeners each week.

Over the next five years, join us as we spark even more children's potential through storytelling and reading, and make a real difference to the literacy landscape in South Africa!



UNal'ibali uneminyaka emi-5 yobudala!

Ungakukholwa lokho? NgekaNhlanguvana ngowe-2017, uNal'ibali uqede iminyaka emi-5 yobudala. Kulesi sikhathi esifushane nje, lokhu ngesesikuzuzile sindawonye kanye nawe ... manje sesiyaqala futhi.

- ★ Amathimba okufunda ayi-**1 471** ethulwe ezifundazweni eziyizi-**7**
- ★ Kufinyelelwe ezinganeni eziyizi-**63 687**
- ★ Izindaba ezintsha sha ezingama-**77** eziqanjwe, izihumusho ezingama-**314** zalezi zindaba ezenziwe
- ★ Iziqephu eziyi-**125** zeSithasiselo sikaNal'ibali ezishicilelweyo
- ★ Amakhophi ayizi-**3 990 977** eSithasiselo sikaNal'ibali ahanjiswe emathimbeni okufunda nasezikoleni
- ★ Ayizi-**2 940** ama-FUNda Leaders angenile
- ★ Abadala abayizi-**10 181** abathole ukuqeqeshelwa ukufundela ukuzithokozisa
- ★ Izinhlelo zomsakazo eziyizi-**5 304** ezisakaziwe, ezifinyelele ezigidini eziyi-**7** zabalaleli isonto ngalinye.

Kule minyaka emihlanu ezayo, hlanguyela nathi ngenkathi sokhela eyengeziwe inhlansi yamandla okwazi ukwenza ngokuxoxa izindaba kanye nangokufunda, senze umehluko wangempela esimeni sokufunda nokubhala eNingizimu Afrika!

Create a poster and a cut-out-and-keep book

1. Tear off pages 9 and 10 of this supplement. This is your International Literacy Day poster!
2. To make the book, *Graça's dream*, use pages 5, 6, 7, 8, 11 and 12.
3. Keep pages 7 and 8 inside the other pages.
4. Fold the sheets in half along the black dotted line.
5. Fold them in half again along the green dotted line to make the book.
6. Cut along the red dotted lines to separate the pages.



Yenza iphosta kanye nencwadi oyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Sika bese ukhipha ikhasi lesi-9 nele-10 lalesi sithasiselo. Lena yiphosta yakho yoSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala!
2. Ukwenza incwadi ethi, *Iphupho likaGraça*, sebenzisa amakhasi 5, 6, 7, 8, 11 nele-12.
3. Gcina ikhasi lesi-7 nelesi-8 phakathi kwamanye amakhasi.
4. Songa amaphepha abe ngohhafu ulandele umugqa omnyama onamachashazi.
5. Wasonge abe ngohhafu futhi ulandela umugqa oluhlaza onamachashazi ukwenza incwadi.
6. Sika phezu komugqa obomvu onamachashazi ukuze uhlukanise amakhasi.



1

8



2

7

3


9

4


5

Emuva ekhaya abantu babengakuhlulekile. Kodwa manje uGraça wayesephethe imfundo, amakhono, kanye nethemba. Futhi wayesenabangani ababazizwa ngendlela efanayo mayelana nelungelo lezingane lokufunda.

Back at home people were still not free. But now Graça had an education, skills, and hope. She also had friends who felt as she did about children's right to learn.



“Every child should own a hundred books by the age of five.”



Find out more at bookdash.org. Read our books for free, in all 11 languages, on the Android app. Search for “Book Dash” in the Google Play store.

All Book Dash books are open-licensed and are created by volunteer professionals at Book Dash events.



Graça's dream Iphupho likaGraça

*Melissa Fagan
Karlien de Villiers
Marike le Roux*



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa izingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi






Wasebenzisa ulwazi lwakhe,
 wasebenza nabangani bakhe.
 Bendawonye babzoletha
 ugquko eMozambikhi.

She would use her
 knowledge and work
 with her friends.
 Together they would
 bring change
 to Mozambique.

Graça was about to be born in a small village in Mozambique. The country was poor and the people did not yet rule themselves. Children didn't have good schools and many couldn't read. Graça's mother dreamed of giving her children better opportunities. But without education there was little hope.





Konke lokhu kwamjabulisa kakhulu uGraça. Kwakukhona into eyodwa nje eyayisalokhu imphatha kabi ...

lokuba nguthisha.

ezintsha futhi wafunda izincwadi eziningi. Lafezekke iphupho lakhe kwelasePortugal. Watholana nabangani abasha, wafunda izilimi futhi. Leso kwakungomunye umfundaze wokuya enyuvesi ekude sasedolobheni, kwathi ngemva kweminyaka wathola isibusiso UGraça wenza konke okusemandleni akhe kuleso sikole.

Wayephupha ngesikhathi lapho zonke izingane ziyokuya esikoleni. alithandayo iMozambikhi zikwazi ukufunda nokufundiseka. yakhe ukufundisa abanye. Wayefuna izingane zasezweni lakubo

Wayephupha ngokuba wuthisha kanye nokusebenzisa imfundo yake ukufundisa abanye. Wayefuna izingane zasezweni lakubo alithandayo iMozambikhi zikwazi ukufunda nokufundiseka. Wayephupha ngesikhathi lapho zonke izingane ziyokuya esikoleni.

UGraça wenza konke okusemandleni akhe kuleso sikole sasedolobheni, kwathi ngemva kweminyaka wathola isibusiso futhi. Leso kwakungomunye umfundaze wokuya enyuvesi ekude kwelasePortugal. Watholana nabangani abasha, wafunda izilimi ezintsha futhi wafunda izincwadi eziningi. Lafezekke iphupho lakhe lokuba nguthisha.

Konke lokhu kwamjabulisa kakhulu uGraça. Kwakukhona into eyodwa nje eyayisalokhu imphatha kabi ...

She dreamed of becoming a teacher and using her education to educate others. She wanted the children of her beloved Mozambique to know reading and learning. She dreamed of a time when all children would go to school.

Graça did her best in that city school and years later she was blessed again. It was another scholarship to attend a university in faraway Portugal. She met new friends, learned new languages and read a bounty of books. She realised her dream of becoming a teacher.

All this made Graça very happy. There was only one thing that still made her sad ...

Graça mourned Samora for many years, but she found love again. She met a man who had also spent his life dreaming of bringing freedom, hope and education to his people.


Graça married Nelson Mandela and together they worked to help Africa's children.

UGraça wazilela uSamora iminyaka eminingi, kodwa waphinde waluthola uthando futhi. Wahlangana nendoda nayo eyayichithe impilo yayo iphupha ngokuletha inkululeko, ithemba kanye nemfundo kubantu bakubo.

UGraça washada noNelson Mandela, kwathi sebendawonye basebenzela ukusiza izingane zase-Afrika.

UGraça wayesezozalwa emzini omncane eMozambikhi. Izwe lalihlupheka kanti abantu babengakazibusi. Izingane zazingenazikole ezinhle kanti iningi lalingakwazi ukufunda. Umama kaGraça wayefisa ukunikeza izingane zakhe amathuba angcono. Kodwa ngaphandle kwemfundo ithemba lalilincane.





Ngosizo lwabangani bakhe ekugcineni,
iMozambikhi yakhululeka!

Finally with the help of all her friends,
Mozambique was free!


Baby Graça would be the sixth child. But with this joyous event there was great sadness. Their beloved father was dying.

Ingane enguGraça yayizoba wumntwana wesithupha. Kodwa ngalesi sehlakalo esithokoziwayo kwakukhona ukuphatheka kabi okukhulu. Uyise abamthandayo wayesefa.





UGraça noSamora babenezingane ezimbili. Bobabili babelana ngephupho lokwenza impilo enhle benzela umndeni wabo kanye nabantu baseMozambikhi. Babejabule futhi benethemba.

Ngolunye usuku olwaba nesihluku, uSamora washona kuphahlazeka indiza.




**Reading is out
of this world!**



Malibok!



**Ukufunda kukwenza
ufinyelele ezinkanyezini!**



Malibook





Ugraça wasebenza kanzima esikoleni futhi kwathi eseyitshishi wathola isiphho esasizozogqula impilo yakhe. Lokho kwabe kuwumfundaze wokuya esikoleni esicebile sasedolobheni.

Graça worked hard at school and as a teenager she received a gift that would change her life. It was a scholarship to attend a rich city school.




The man chosen to lead the country was Graça's special friend, Samora Machel. They fell in love and got married.

Indoda eyakhetwa ukuthi yengamele izwe kwakungumngani kaGraça okhethkileyo, uSamora Machel. Bathandana base beyashada.



Graça and Samora had two children. They shared a dream to create good lives for their own family and for the Mozambican people. They were happy and hopeful.

Then one terrible day, Samora died in an aeroplane crash.






He dreamed that his youngest daughter would go to a good school. He knew that education would give her opportunities he had never had. His family promised to make their dad's dream come true.

Just weeks after their dad died, the new baby was born. She was given a name to match the beauty and blessing that she was – Graça. As the years passed, Graça brought much joy to her family and they kept the promise made to their father. Graça would have a good education.

Wayephupha ngokuthi indodakazi yakhe encane kunazo zonke ingafunda esikoleni esihle. Wayazi ukuthi imfundo izoyinika amathuba eyayingeke ize iwathole. Umndeni wakhe wathembisa ukulenza iphupho likayise lifezeke.

Ngemuva kwemasonto amabili uyise eshonile, kwazalwa umntwana omusha. Wethiwa igama elalihambisana nobuhle kanye nesibuziso ayeyikona – uGraça. Lapho yedlula iminyaka, uGraça waletha injabulo enkulu emndenini wakhe futhi basigcina isethembiso esenziwa kuyise. UGraça wayezothola imfundo enhle.



Graça was given the important job of making sure that all children in Mozambique got a good education. It was a hard job because there were so many children in Mozambique who couldn't read. She knew that they needed education and wanted to make real change in her country. She started with primary schools and getting boys and girls into classrooms. Literacy was her focus and putting books into children's hands.

UGraça wanikwa umsebenzi obalulekile wokugqinisekisa ukuthi zonke izingane eMozambikhi zithola imfundo enhle. Kwakungumsebenzi onzima ngoba kwakunezingane eziningi kakhulu eMozambikhi ezazingakwazi ukufunda. Wayazi ukuthi zifuna imfundo futhi efuna ukwenza uguquko lwanqempela ezweni lakhe. Wagala ezikoleni zamabanga aphantsi efaka abafana namantombazane emaklasisini. Ukufunda nokubhala kwakuyilapha agxile khona ebeka izincwadi ngqo ezandleni zezingane.

Story Bosso is here!

Story Bosso is NaI'ibali's annual multilingual storytelling talent search. It takes place across the nation this September! To celebrate South Africa's rich heritage of storytelling, NaI'ibali invites all South Africans - young and old - to have fun telling and sharing stories in any of the country's 11 official languages.

In 2016, the people who entered the Story Bosso talent search, told original stories, retold existing stories, read stories and said poems. We received 2 124 entries through NaI'ibali's special Story Bosso pop-up events, the NaI'ibali website, NaI'ibali's call centre and WhatsApp. Nonhlanhla Hadebe won first prize for her retelling in isiZulu of a story about a greedy spider with a special talent! In addition to a R3 000 cash prize, Nonhlanhla's winning story has been published as a book, which will also appear as a cut-out-and-keep book in the next edition of the NaI'ibali Supplement.

WILL YOU BE SA'S NEXT
STORY BOSSO?



I-Story Bosso ilapha!

I-Story Bosso wumkhankaso kaNaI'ibali wonyaka obuliminingi wokuhlwaya isiphiwo sokuxoxa indaba. Lokhu kwenzeka esizweni sonke kulo Mandulo! Ukubungaza ifa elicebileyo lokuxoxa izindaba laseNingizimu Afrika, uNaI'ibali umema bonke abaseNingizimu Afrika - abancane nabadala - ukuthi babe nentokozo ngokuxoxa nokwabelana ngezindaba nganoma yiluphi ulimi kweziyi-11 ezisemthethweni.

Ngowezi-2016, abantu abangenela uhlwayo lweziphiwo lwe-Story Bosso, baxoxa izindaba ezingathathwe ndawo, baxoxa kabusha izindaba ezaziwayo, bafunda izindaba futhi bahaya nezinkondlo. Sathola imingenelo eyizi-2 124 ngemikhosana ethushukayo ye-Story Bosso, isizindalwazi sikaNaI'ibali, isikhungo sezingcingo sikaNaI'ibali kanye no-WhatsApp. UNonhlanhla Hadebe wathola umklomelo wokuqala ngokuxoxa kabusha ngesiZulu indaba emayelana nesicabucabu esinenhliziyo ende esinekhono elikhethekile! Ngaphezu kwezi-R3 000 zomklomelo ongukheshi, indaba kaNonhlanhla eyaphumelela ishicilelwe njengencwadi, futhi ibonakale njengencwadi oyisika uyikhiphe bese uyigcina oshicilelweni olulandelayo lweSithasiselo sikaNaI'ibali.

Will you be South Africa's next Story Bosso?

Enter this exciting talent search and stand a chance of winning fantastic prizes as well as being crowned the Story Bosso of 2017! To find out more, visit: www.nalibali.org or www.nalibali.mobi.



Ngabe uzoba yi-Story Bosso yaseNingizimu Afrika elandelayo?

Ngenela lokhu kuhlwaywa kwamakhono okuthokozisayo bese uzibeka emathubeni okuthola imiklomelo ethokozisayo nokuthi uqheliswe njenge-Story Bosso yangonyaka wezi-2017! Ukuthola olunye ulwazi, vakashela ku-www.nalibali.org noma www.nalibali.mobi.

NAL'IBALI ON RADIO!

Tune into the following radio stations to enjoy listening to stories on NaI'ibali's radio show!

Ikwewezi FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.45 a.m.

Lesedi FM on Monday, Tuesday and Thursday at 9.45 a.m.

Ligwalagwala FM on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

Munghana Lonene FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.35 a.m.

Phalaphala FM on Monday to Wednesday at 11.15 a.m.

RSG on Monday to Wednesday at 9.10 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday at 1.50 p.m.

Thobela FM on Tuesday and Thursday at 2.50 p.m., on Saturday at 9.20 a.m. and on Sunday at 7.50 a.m.

Ukhozi FM on Wednesday at 9.20 a.m. and on Saturday at 8.50 a.m.

Umhlobo Wenene FM on Monday to Wednesday at 9.30 a.m.

X-K FM on Monday, Wednesday and Friday at 9.00 a.m.



USEMSAKAZWENI UNAL'IBALI!

Lalela kulezi ziteshi zomsakazo ukuze uthokozele ukulalela izindaba ohlelweni lomsakazo lukaNaI'ibali!

Ku-Ikwewezi FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.45 ekuseni

KuLesedi FM ngoMsombuluko, ngoLwesibili nangoLwesine ngo-9.45 ekuseni

KuLigwalagwala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuMunghana Lonene FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.35 ekuseni

KuPhalaphala FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-11.15 ekuseni

KuRSG ngoMsombuluko ukuya ngoLwesithathu ngo-9.10 ekuseni

KuSAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-1.50 ntambama

KuThobela FM ngoLwesibili nangoLwesine ngo-2.50 ntambama, ngoMgqibelo ngo-9.20 ekuseni nangeSonto ngo-7.50 ekuseni


KuUkhozi FM ngoLwesithathu ngo-9.20 ekuseni nangoMgqibelo ngo-8.50 ekuseni

KuUmhlobo Wenene FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu ngo-9.30 ekuseni

KuX-K FM ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu ngo-9.00 ekuseni



Hanna's friends



By Wendy Hartmann ✨ Illustrations by Niki Daly

Hanna's dad was a fisherman. He dashed out of the house to go to sea. He waved goodbye as he left. Hanna knew he would be away for days and days, but when he came home, he would bring back fresh fish to fry.

Then Hanna's mom whooshed away like the wind. She had to work every day of the week for a whole month.

"I'm late," she shouted. "Tannie Taliep from next door is coming over. Stay inside until she comes. See you later. Love you lots." She blew kisses as she ran for the bus.

Hanna stared through the window at the blue, blue sky. She felt all alone. She picked up a piece of paper and a pencil and made a drawing of a face with tears running down the cheeks. Then she heard Tannie Taliep unlock the front door.

"Morning, Hanna," said Tannie Taliep. "What's this?" She took the piece of paper and looked at it. "Mmm," she said, "no time for nonsense. Go to Allie's next door and buy bread and milk. I need my tea."

As she closed the front door, Hanna saw her drawing crumpled in a little ball on the kitchen floor. At Allie's, she waited until Mr Ismail saw her.

"Hello, Hanna," he said smiling. "Bread and milk as usual? Still not tall enough to reach the shelf?" She shook her head. "Never mind, you'll grow soon."

He laughed kindly and she smiled back at him. Then she looked down. On the floor, next to her feet was a piece of paper – one page with a few words and a lot of pictures on it. She picked it up. Mr Ismail saw it.

"You'll be surprised what the wind blows in here," he said. "You can have it if you want." He handed her the bread and milk. "Here you go – here's your shopping."

"Hurry-hurry," shouted Tannie Taliep as Hanna opened the door, "my soapie has already started on TV." She took the shopping bag from Hanna and made tea in a hurry.

Hanna sat down at the kitchen table. She smoothed out the piece of paper she had picked up and read one word – Jamela. There were lots of pictures of Jamela. Jamela blowing out candles on a birthday cake. Jamela hiding in a cardboard box. Jamela wrapped in a lovely cloth and Jamela holding a little red hen.



Hanna sighed. She wished it was Monday. She wanted to see if there was someone at school named Jamela. She wanted to find a friend just like Jamela.

On Monday, she ran to Miss Witbooi's class. "Please, Miss, do you know Jamela?"

"There's no Jamela here. Go back to your class," said Miss Witbooi.

On Tuesday, Hanna went to Mrs Booyesen's class. "Please, Mrs ...", but she didn't get any further.

"Hanna Pieterse! What are you doing here? Lessons have started," shouted Mrs Booyesen.

On Wednesday, she asked Mr Hendricks. But no one knew Jamela.

Hanna looked at the pictures on the piece of paper so many times that the page fell to pieces and Jamela was gone.

Then one day, the whole class went on an outing to the library. There, behind the counter, was a woman with a kind face. Hanna went up to her.

"Ye-es," said the woman. "Have you chosen a book?"

Hanna shook her head, then asked, "Do you know Jamela?"

The woman leaned forward. "Are you with the class that is here on an outing?" she asked. Hanna nodded and hoped the woman would not be angry. The woman frowned. She walked to the other side of the counter and took Hanna by the hand. "Come with me," she said and smiled. "I do know a little girl named Jamela. I also know a little boy named Ashraf. I even know a mouse named Wolfgang."

For one whole wonderful, exciting hour, Hanna met so-oo many friends. She opened books and went to different places all over the world. On the pages, she saw the most amazing things. In the pictures, she saw all the wonderful things that Jamela did.

When Hanna's mom stopped working on weekends and her father was home from the sea, they sat together and read books. Together they went shopping with Jamela and dancing with Papa Lucky. They even went for a walk with a giraffe.



And Hanna forgot all about drawing sad faces and feeling alone because now she never was.

Uyise kaHanna wayengumdobu wezinhlazi. Waphuma endlini waya olwandle. Waphakamisa isandla evalelisa ngenkathi ehamba. UHanna wayazi ukuthi uzohambela izinsuku ngezinsuku, kodwa kwakuthi uma ebuya, eze nezinhlanzi ezintsha ezizothoswa.

Emva kwalokho unina kaHanna wakhwishiza njengomoya. Kwakufanele asebenze nsuku zonke zesonto inyanga yonke.

“Ngishiywe yisikhathi,” kumemeza yena. “U-Anti Taliep ophuma kwamakhelwane uzosivakashela. Hlala lapha ngaphakathi aze afike. Ngizobuye ngikubone. Ngikuthanda kakhulu.” Wayeqabula isandla bese ethumela ngesandla ukuqabula kwakhe ngenkathi ephuthuma ibhasi.

UHanna wayigqolozela ngefasetela ibhasi eluhlaza okwesibhakabhaka. Wayezizwa enesizungu. Wayesecosha isiqephu sephepha kanye nepensela edweba umfanekiso wobuso obunezinyembezi ezehla nezihlathi. Emva kwalokho wezwa u-Anti Taliep evula ngesikhiye umnyango ongaphambili.

“Sawubona, Hanna,” kusho u-Anti Taliep. “Yini lena?” Wathatha isiqephu sephepha wasibuka. “Mmm,” kusho yena, “asikho isikhathi sombhedo. Hamba uye esitolo kwa-Allie kwamakhelwane uthenge isinkwa nobisi. Ngidinga itiye lami.”

Ngenkathi evala umnyango wangaphambili, uHanna wawubona umdwebo wakhe ufohlolwa uba yisigaqana phansi ekhishini. Uma efika kwa-Allie walinda waze wabonwa uMnu Ismail.

“Sawubona, Hanna,” esho emoyizela. “Ufuna isinkwa nobisi njengokwejwayelekile? Usalokhu umfishane ungakakwazi ukufinyelela eshalofini?” Anikine ikhanda. “Ungakhathazeki, uzokhula kungekudala nje.”

Wahleka ngomusa kanti nontombazanyana wamoyizela. Emva kwalokho wayesebheka phansi. Phansi eduze kwezinyawo zakhe kwakukhona isiqephu sephepha – ikhasi elilodwa elinamagama ambalwa kanye nezithombe eziningi kulo. Walicosha. UMnumzane Ismail walibona.

“Uzomangala ukuthi yini epheshulelwa umoya lapha ngaphakathi,” kusho yena. “Ungalithatha uma ulifuna.” Wamnikeza isinkwa nobisi. “Nazo-ke – nakhu okuthengile.”

“Shesha, shesha,” kuthetha u-Anti Taliep ngenkathi uHanna evula umnyango, “umdlalo wami oluchungechunge ongapheli usuqalile kumabonakude.” Wathatha isikhwanyana sokuthenga kuHanna wayesenza itiye ngokushesha.

UHanna wahlala phansi etafuleni lasekhishini. Washikisha isiqephu sephepha alicoshile wayesefunda igama elilodwa – uJamela. Kwakukhona izithombe eziningi zikaJamela. UJamela ecisha amakhandlela ekhekheni losuku lokuzalwa. UJamela ecasha ekhadibhodini. UJamela egoqwe ngengutshana ethandekayo kanye noJamela ebambe isikhukhukazi esincane esibomvu.



UHanna waphefumulela phezulu. Wayefisa sengathi ngabe kwakunguMsombuluko. Wayefuna ukubona ukuthi ngabe kwakukhona yini othile okuthiwa uJamela. Wayefuna ukuthola umngani ofana ncimishi noJamela.

NgoMsombuluko wagijima waya ekilasini likaNkosazana Witbooi. “Uxolo, Nkosazana, uyamazi uJamela?”

“Akukho Jamela lapha. Buyela ekilasini lakho,” kusho uNkosazana Witbooi.

NgoLwesibili, uHanna waya ekilasini likaNkosikazi Booysen. “Uxolo, Nkosikazi ...”, kodwa akabange esaqhubeka nayekusho.

“Hanna Pieterse! Uzokwenzani lapha? Izifundo seziqalile,” kumemeza uNkosikazi Booysen.

NgoLwesithathu, wabuza kuMnumzane Hendricks. Kodwa akekho owayemazi uJamela.

UHanna wabuka izithombe esiqeshini sephepha izikhathi eziningi ngangokuthi ikhasi laba yizicucu noJamela waze wanyamalala.

Kwathi-ke ngolunye usuku ikilasi lazikhipha laya emtatsheni wezincwadi. Lapho, ngemuva kwekhawunta, kwakunowesifazane onobuso obulungile. UHanna waya kuye.

“Ye-yebo,” kusho lo mama. “Usuyikethile incwadi?”

UHanna wanikina ikhanda, emva kwalokho wayesebuza, “Uyamazi yini uJamela?”

Umama lona wagobela phambili. “Ngabe usekilasini elizikhiphele lapha?” kubuza yena. UHanna wanqekuzisa ikhanda futhi wethemba ukuthi lona wesifazane ngeke acasuke. Umama lo waswaca. Wahamba waya ngemuva kwekhawunta wayesebamba uHanna ngesandla. “Hamba nami,” kwasho yena, wayesemoyizela. “Ngiyayazi intombazanyana egama layo nguJamela. Kukhona nomfana futhi engimaziyo ogama lakhe ngu-Ashraf. Ngazi ngisho igundane ogama lalo nguWolfgang.”

Ihora lonke eligcwele elimangalisayo, nelithokozisayo, uHanna wahlangana nabangani abaningi. Wavula izincwadi waya ezindaweni eziningi ezihlukahlukene emhlabeni wonke. Emakhasini, wayebona izinto ezimangaza kakhulu. Ezithombeni, wabona zonke izinto ezimangalisayo ezazenziwe nguJamela.

Ngenkathi unina kaHanna eyeka ukusebenza ngezimpelasonto noyise esekhaya ebuya olwandle, bahlala ndawonye bafunda izincwadi. Bendawonye bahamba bayothenga ezitolo babuye bayodansa noPapa Lucky. Futhi baze bahamba ngisho nanendlulamithi.



Futhi uHanna wakhohlwa konke ngokudweba ubuso obudumele nokuzizwa elahliwe ngoba kwakuvele kungenjalo.

Nal'ibali fun

Okokuzithokozisa kukaNal'ibali

3. Make a list! Write down the ways in which you use reading and writing in your life – at home and at school. If you can't think of all the ways now, cut out this list and keep it. Then you can add to it later.

Yenza uhla! Bhala phansi izindlela osebenzisa ngazo ukufunda nokubhala empilweni yakho – ekhaya kanye nasesikoleni. Uma ungakwazi ukucabanga ngazo zonke izindlela njengamanje, sika lolu hla bese ulugcina. Emva kwalokho ungengeza kulona ngokuhamba kwesikhathi.

1. The slogan on the poster on page 9 is, "Reading is out of this world!". Try creating your own catchy International Literacy Day slogans that inspire others to try reading and writing for themselves!



Isiqubulo esikuphosta ekhasini le-10 sithi "Ukufunda kukwenza ufinyelele ezinkanyezini!". Zama ukuzakhela ezakho iziqubulo ezihehayo zoSuku Lwezizwe Ngezizwe Lokufunda Nokubhala ezizofakela abanye ugqozi, bazame ukuzifundela nokuzibhalela ngokwabo!

Reading/Ukufunda: _____

Writing/Ukubhala: _____

Stories/Izindaba: _____

The ways I use reading and writing in my life
Izindlela engisebenzisa ngazo ukufunda nokubhala empilweni yami

1.
2.
3.
4.
5.
6.
7.
8.
9.
10.

2. Mbali is Neo's sister and she is two years old. She loves books with rhymes in them, but she also enjoys pretending to read Neo's books. She often reads to her teddy bear and to Bella's dog, Noodle. What do you think the title of the book is that Mbali is reading in the picture? Write what she's saying in the speech bubble and then draw a picture or write something in the thought bubble to show what her teddy bear is thinking.

UMbali ngudadewabo kaNeo kanti uneminyaka emibili yobudala. Uyazithanda izincwadi ezinezilandelo, kodwa futhi uyakuthokozela ukwenza sengathi ufunda izincwadi zikaNeo. Uvamise ukufundela unodoli wakhe afundele nenja kaBella, uNoodle. Ucabanga ukuthi sithini isihloko sencwadi uMbali ayifundayo esithombeni? Bhala akushoyo ebhamuzeni lenkulumo bese udweba isithombe okukanye ubhale okuthile ebhamuzeni lomcabango ukukhombisa lokho okucatshangwa ngunodoli wakhe.



Would you like to receive stories and literacy tips on your cellphone? Join Nal'ibali on WeChat. Visit www.nalibali.org to find out more.



Visit us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sivakashela ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA

Ngabe uthanda ukuthola izindaba kanye namacebo okwazi ukufunda nokubhala kumakhalekhukhwini wakho? Hlanganyela noNal'ibali kuWeChat. Vakashela ku-www.nalibali.org ukuze uthole olunye ulwazi.

Produced for Nal'ibali by the Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.